## Uma le nqubomgomo isebenza

Le nqubomgomo yobumfihlo isebenza kuwo wonke amasevisi anikezelwa i-Google LLC kanye namancusa ayo, kufaka phakathi i-YouTube, Android, namasevisi anikezelwa kumasayithi ezinkampani zangaphandle, okufana namasevisi okukhangisa. Le nqubomgmo yobumfihlo ayisebenzi kumasevisi anezinqubomgomo zobumfihlo ezehlukile ezingafaki le nqubomgmo yobumfihlo.

Le nqubomgomo ayisebenzi:

- Izenzo zolwazi zezinye izinkampani nezinhlangano ezikhangisa amasevisi ethu
- Amasevisi ahlinzekwa ezinye izinkampani noma abantu, okuhlanganisa imikhiqizo noma amasayithi abawanikezayo ahlanganisa amasevisi e-Google lapho kusebenza khona inqubomgomo, noma imikhiqizo noma amasayithi aboniswe kuwe emiphumeleni yosesho, noma axhunywe kumasevisi ethu.

## Ushintsho kule nqubomgomo

Sishintsha le nqbomgomo yobumfinhlo njalo. Ngeke sinciphise amalungelo akho ngaphansi Komgomo Wobumfihlo ngale kokuthola imvume yakho ecacile. Sihlala sikhombisa idethi ushintsho lokugcina olwenzeka ngayo lapho sishicilele futhi sanikezela ngokufinyelela kwizinguquko ezikwingobo yomlando ukuze ubuyekeze. Uma ushintsho

lubalulekie, sizonikezela ngesaziso esifaneleke kakhulu (kufaka phakathi, kwamanye amasevisi, isaziso se-imeyili soshintsho lwequbomgomo yobumfihlo).

---

IZENZO ZOBUMFIHLO EZIHLOBENE

## Amasevisi athile e-Google

Izaziso zobumfihlo ezilandelayo zinikezela ngolwazi olungeziwe mayelana namanye amasevisi e-Google:

- Payments
- Fiber
- Google Fi
- I-Google Workspace for Education
- Read Along
- I-YouTube Kids
- Ama-akhawunti e-Google aphethwe ngesixhumanisi somndeni, ezinganeni ezingaphansi kuka-13 (noma ubudala obusebenzayo ezweni lakho)
- Umhlahlandlela wobumfihlo we-Family Link wezingane nentsha
- Iqoqo lezwi nomsindo kusuka kuzici zezingane kumsizi we-Google

Uma uyilungu lenhlangano elisebenzisa i-Google Workspace noma i-Google Cloud Platform, funda ukuthi lawa masevisi aqoqa kanjani aphinde asebenzise ulwazi lwakho siqu Kusaziso Sobumfihlo se-Google Cloud.

## Eminye imithombo elusizo

Izixhumanisi ezilandelayo zigqamisa izisetshenziswa ezilusizo kuwe ukuze ufunde kabanzi mayelana nezenzo zethu nezilungiselelo zobumfihlo.

- I-akhawunti yakho ye-Google iyikhaya kuzilungiselelo eziningi ungazisebenzisela ukuphatha i-akhawunti yakho
- Ukuhlola Kobumfihlo kukuyalela kuzilungiselelo zobumfihlo ezingokhiye ze-akhawunti yakho ye-Google
- Isikhungo sokuphepha se-Google sikusiza ukuthi ufunde kabanzi nokuphepha kwethu okwakhelwe ngaphakathi, izilawuli zangasese, namathuluzi ukusiza ukwakha imithetho yedijithali yomndeni wakho ku-inthanethi
- Umhlahlandlela Wobumfihlo Wentsha we-Google unikeza izimpendulo kweminye yemibuzo ephezulu esibuzwa yona mayelana nobumfihlo
- Ubumfihlo nemigomo kunikezela ngokuqonda okuningi mayelana nale nqubomgomo yobumfihlo nemigomo yethu yesevisi
- Ubuchwepheshe bufaka phakathi ulwazi olubanzi ngokulandelayo:
    - Iwasebenzisa kanjani amakhukhi i-Google
    - Ubuchwepheshe obusetshenziselwa Ukukhangisa
    - I-Google ilusebenzisa kanjani ulwazi kusukela kumasayithi noma izinhlelo zokusebenza ezisebenzisa amasevisi ethu

---

# Amagama angukhiye

## Amakhukhi

Ikhukhi yifayela elincane eliqukethe umucu wezinhlamvu ezithunyelwa kwikhompyutha yakho lapho uvakashela iwebhusayithi. Uma uvakashela isayithi futhi, ikhukhi livumela lelo sayithi ukuthi libone isiphequluli sakho. Amakhukhi angase agcine okuthandwayo komsebenzisi kanye nokunye ukwaziswa. Ungalungiselela isiphequluli sakho ukuze sale

onke amakhukhi noma sibonise uma ikhukhi lithunyelwa. Noma kunjualo, ezinye izici zewebhusayithi noma amasevisi angase angasebenzi kahle ngaphandle kwamakhukhi. Funda kabanzi mayelana nokuthi i-Google isebenzisa kanjani amakhukhi nokuthi i-Google isebenzisa kanjani idatha, okufaka amakhukhi, uma usebenzisa amasayithi ozakwethu noma izinhlelo zokusebenza.

## Amalogi eseva

Njengamawebhusayithi amaningi, amaseva ethu arekhoda ngokuzenzakalelayo izicelo zekhasi ezenziwe lapho uvakashela amasayithi ethu. Lawa "malogi eseva" ngokuvamile ahlanganisa isicelo sakho sewebhu, ikheli lePhrothokholi ye-Inthanethi, uhlobo lwesiphequluli, ulimi lwesiphequluli, idethi kanye nesikhathi sesicelo sakho kanye nekhukhi eyodwa noma angeziwe angase athole isiphequluli sakho.

Ukufakwa kwelogi okujwayelekile kosesho "kwezimoto" kufana nalokhu:

```
123.45.67.89 - 25/Mar/2003 10:15:32 -
http://www.google.com/search?q=cars -
Chrome 112; OS X 10.15.7 -
740674ce2123e969
```

- `123.45.67.89` ingabe ikheli lasesizindeni se-inthanethi linikezwe kumsebenzisi i-ISP yomsebenzisi. Ngokuya ngesevisi yomsebenzisi, ikheli elihlukile linganikezwa kumsebenzisi umhlinzeki wakhe wesevisi njalo uma exhumeka ku-inthanethi.
- `25/Mar/2003 10:15:32` idethi nesikhathi sombuzo.
- `http://www.google.com/search?q=cars` i-URL eceliwe, efaka umbuzo wosesho.
- `Chrome 112; OS X 10.15.7` isiphequluli nesistimu yokusebenza esetshenziswayo.
- `740674ce2123a969` ikhukhi elihlukile le-ID elinikezwe kule khompuyutha ethile ngesikhathi sokuqala lapho ivakashele khona i-Google. (Amakhukhi angase asuswe abasebenzisi. Uma umsebenzisi asuse ikhukhi kusukela kukhompuyutha kusukela ngesikhathi sokugcina lapho avakashele khona i-Google, kuzoba ikhukhi elihlukile le-ID elinikezwa kudivayisi yabo ngesikhathi esilandelayo lapho avakashela khona i-Google kusukela kuleyo divayisi ethile).

## Amanxusa

Inxusa ibhizinisi okungeleqembu lezinkampani ze-Google, okufaka izinkampani ezilandelayo ezinikeza amasevisi ekhasimende e-EU: i-Google Commerce Ltd, Google Payment Corp, ne-Google Dialer Inc. Funda kabanzi mayelana nezinkampani ezinikeza amasevisi ebhizinisi e-EU.

## I-Akhawunti ye-Google

Ungafinyelela kwamanye amasevisi ethu ngokubhalisela i-akhawunti ye-Google nangokusinikeza ngolunye ulwazi lomuntu siqu (ngokuvamile igama lakho, ikheli le-imeyili, nephasiwedi). Lolu lwazi lwe-akhawunti lusetshenziselwa ukuqinisekisa ukuthi unguwe uma ufinyelela kumasevisi e-Google kanye nokuvikela i-akhawunti yakho kusukela ekufinyelelweni okungagunyaziwe abanye. Ungahlela noma ususe i-akhawunti yakho noma kunini ngezilungiselelo ze-akhawunti yakho ye-Google.

## I-Algorithm

Inqubo noma isethi yezimiso ezilandelwa ikhompuyutha ekwenzeni imisebenzi exazulula inkinga.

## I-referrer URL

I-referrer URL (Uniform Resource Locator) ulwazi oludluliselwa kukhasi lewebhu okuyiwa kulo isiphequluli sewebhu, ngokuvamile uma uchofoza isixhumanisi esiya kulelo khasi. I-referrer URL iqukethe i-URL yekhasi lewebhu lokugcina isiphequluli esilivakashele.

## Idivayisi

Idivayisi ikhompuyutha engasetshenziselwa ukufinyelela kumasevisi e-Google. Isibonelo, amakhompuyutha edeskithophu, izipikha ezihlakaniphile, nama-smartphone konke lokhu kuthathwa njengamadivayisi

## Ikheli le-IP

Yonke idivayisi exhume ku-inthanethi yabelwa inombolo eyaziwa ngokuthi yikheli le-Internet protocol (IP). Lezi zinombolo ngokuvamile zabelwa ngamabhulokhi endawo.

Ikheli le-IP ngokuvamile lingasetshenziselwa ukubonisa indawo idivayisi exhume kuyo ku-inthanethi. Funda kabanzi ngendlela esisebenzisa ngayo ulwazi lwendawo.

## Inqolobane yedatha yohlelo lokusebenza

Inqolobane yedatha yohlelo lokusebenza iyisilondolozi sedatha kudivayisi. Ingakwawzi, isibonelo, ukunika amandla uhlelo lokusebenza lewebhu ukusebenza ngaphandle kokuxhumana kwe-intanethi futhi ithuthukise ukusebenza kohlelo lokusebenza ngokunika amandla ukulayisha okusheshayo kokuqukethwe.

## Isitoreji sesiphequluli sewebhu

Isitoreji sewebhu sesiphequluli sinika amandla amawebhusayithi ukulondoloza idatha kusiphequluli kudivayisi. Uma sisetshenziswa kumodi "yesitoreji sasendaweni", sinika amandla idatha ukuthi igcinwe kumaseshini onkana. Lokhu kwenza idatha itholakale nangemuva kokuthi isiphequluli sivaliwe saphinde savulwa. Obunye ubuchwepheshe obusiza isitoreji sewebhu i-HTML 5.

## Ithegi yephikseli

Umaka wephikiseli uhlobo lobuchwepheshe obubekwa kuwebhusayithi noma ngaphakathi komzimba we-imeyili ngezinjongo zokulandelela umsebenzi othile, ofana nokubukwa kwewebhusayithi noma uma i-imeyili ivuliwe. Omaka be-Pixel bavamise ukusetshenziswa behlanganiswe namakhukhi.

## Izinkomba ezihlukile

Inkomba ehlukile iyunithi yezinhlamvu engasetshenziswa ukuze ikhombe ngokuhlukile isiphequluli, uhlelo lokusebenza noma idivayisi. Izinkomba ezihlukile ziyahluka ngokuthi zingunaphakade kangakanani, uma ngabe zingasethwa kabusha abasebenzisi, nokuthi zingafinyelelwa kanjani.

Izinkomba ezihlukile zingasetshenziselwa izinjongo ezihlukile, ezifaka ukuvikelwa nokutholwa kokukhwabanisa, amasevisi okuvumelanisa afana nebhokisi lokungenayo lakho le-imeyili, kukhunjulwa okuncamelayo kwakho, nokunikezwa kokukhangisa okwenziwe kwaba ngekwakho. Isibonelo, izinkomba ezihlukile ezigcinwe kumakhukhi zisiza amasayithi abonise okuqukethwe kusiphequluli sakho ngolimi lwakho

oluncanyelwayo. Ungalungiselela isiphequluli sakho ukuze sale onke amakhukhi noma sibonise uma ikhukhi lithunyelwa. Funda kabanzi mayelana nokuthi i-Google iwasebenzisa kanjani amakhukhi.

Kwezinye izinkundla ngaphandle kweziphequluli, izinkomba ezihlukile zisetshenziselwa ukubona idivayisi ethile noma uhlelo lokusebenza kuleyo divayisi. Isibonelo, inkomba ehlukile efana ne-ID yokukhangisa isetshenziselwa ukunikeza ukukhangisa okuhambisanayo kumadivayisi e-Android, futhi ingaphathwa kuzilungiselelo zedivayisi yakho. Izinkomba ezihlukile zingaphinda zihlanganiswe nedivayisi umkhiqizi wayo (kwesinye isikhathi okubizwa nge-ID ehlukile emhlabeni wonke noma i-UUID), ofana nenombolo ye-IMEI yefoni yeselula. Isibonelo, inkomba ehlukile yedivayisi ingasetshenziselwa ukwenza ngendlela oyifisayo amasevisi ethu kudivayisi yakho noma ihlaziye izinkinga zedivayisi ezihlobene namasevisi ethu.

### Ulwazi lomuntu siqu olunozwela

Lolu uhlobo lolwazi lomuntu siqu oluhlobene nezihloko ezifana nezindaba ezingamaqiniso zempilo eziyimfihlo, zobuhlanga noma ubuzwe, izinkolelo zombusazwe noma zenkolo noma ubulili.

### Ulwazi olubona okungekhona okomuntu siqu

Lolu ulwazi olurekhodwa mayelana nabasebenzisi ukuze lingasabonisi noma lukhombe umsebenzisi oyedwa ongakhonjwa.

### Ulwaziswa lomuntu siqu

Lolu ulwazi olunikeza kithi olukhomba wena siqu, olufana negama lakho, ikheli le-imeyili, noma ulwazi lokukhokha, noma enye idatha engaxhunywa ngokuzwakalayo kulwazi olunjalo lwe-Google, olufana nolwazi esiluhlobanisa ne-akhawunti yakho ye-Google.

## Okuqukethwe Okungeziwe

### abantu ababaluleke kakhulu kuwena kwi-intanethi

Isibonelo, uma uthayipha ikheli endaweni ye-To, Cc, noma ye-Bcc ye-imeyili oyibhalayo, i-Gmail izophakamisa amakheli ngokususelwe ebantwini oxhumana nabo kakhulu.

## abasebenzisi bethu

Ngokwesibonelo, ukuze kuvinjelwe ukuhlukumeza nokukhulisa ukubonisa ngale nokuziphendulela ngezinqubo zethu zokulinganisela okuqukethwe ku-inthanethi, i-Google yabelana ngedatha emayelana nezicelo zokususwa kokuqukethwe kumasevisi ethu ne-Lumen, eqoqa futhi ihlaziye lezi zicelo ukuze iqhube ucwaningo ukuze isize abasebenzisi be-inthanethi baqonde amalungelo abo. Funda kabanzi.

## amadivayisi

Isibonelo, singasebenzisa ulwazi olusuka kumadivayisi akho ukukusiza ukuthi unqume ukuthi iyiphi idivayisi ongathanda ukuyisebenzisa ukufaka uhlelo lokusebenza noma ukubuka i-movie oyithenga ku-Google Play. Futhi sisebenzisa lolu lwazi ukusiza ukuvikela i-akhawunti yakho.

## amaseva emhlabeni

Isibonelo, sisebenzisa izikhungo zedatha emhlabeni wonke ukusiza sigcine imikhiqizo yethu itholakalela abasebenzisi.

## amasevisi athile e-Google

Isibonelo, ungasusa ibhulogi yakho ku-Blogger noma isayithi le-Google elakho emasayithi e-Google. Futhi ungasusa izibuyekezo ozishiye kuzinhlelo zokusebenza, amageyimu, nokunye okuqukethwe esitolo e-Google Play.

## amasevisi okukhangisa nokucwaninga engxenyeni yawo

Ngokwesibonelo, abathengisi bangalayisha idatha evela ezinhlelweni zabo zekhadi lobuqotho ukuze bakwazi ukuhlanganisa imininingwane yobuqotho kusesho noma emiphumeleni yokuthenga, noma baqonde kangcono ukusebenza kwemikhankaso yabo

yokukhangisa. Sihlinzeka kuphela imibiko ehlanganisiwe kubakhangisi abangadaluli ulwazi mayelana nomuntu ngamunye.

## amasevisi okwenza nokwamukela izingcingo noma ukuthumela nokwamukela imilayezo

Izibonelo zalamasevisi zibandakanya:

- I-Google Voice, yokwenza nokwamukela amakholi, ukuthumela imilayezo yombhalo, nokuphatha ivoyisimeyili
- I-Google Meet, yokwenza nokuthola amakholi evidiyo
- I-Gmail, yokuthumela nokwamukela ama-imeyili
- I-Google Chat, yokuthumela nokwamukela imilayezo
- I-Google Duo, yokwenza nokwamukela amakholi evidiyo nokuthumela nokwamukela imilayezo
- I-Google Fi, yecebo lefoni

## bangaxhumanisa ulwazi

I-Google Analytics incike kumakhukhi enkampani yokuqala, okusho ukuthi amakhukhi asethwa ikhasimende le-Google Analytics. Ngokusebenzisa amasistimu ethu, idatha edalwe nge-Google Analytics ingaxhunywa nekhasimende le-Google Analytics ne-Google kunangamakhukhi wenkampani yangaphandle aphathelene nokuvakasha kwamanye amawebhusayithi. Isibonelo, umkhangisi angafuna ukusebenzisa idatha yakhe ye-Google Analytics ukudala izikhangiso eziphathelene kakhulu, noma ukuhlaziya ngokuthuthukile kuthrafikhi. Funda kabanzi

## bonisa amathrendi

Uma abantu abaningi beqala ukusesha okuthile, ingabanikezela ngolwazi olusizayo kakhulu mayelana namathrendi athile ngaleso sikhathi. I-Google Trends isampula usesho lwewebhu lwe-Google ukulinganisela ukuduma kosesho esikhathini esithile futhi yabelane ngaleyo miphumela esidlanganaleni ngemigomo ebaliwe. Funda kabanzi

## Idatha yenzwa esuka kudivayisi yakho

Idivayisi yakho ingase ibe nezinzwa ezingasetshenziselwa ukuqonda kangcono indawo okuyo nokunyakaza. Isibonelo, i-accelerometer ingasetshenziselwa ukucacisa isivinini sakho bese i-gyroscope isetshenziselwe ukuthola indawo oya kuyo lapho uhamba. Funda kabanzi ngendlela esisebenzisa ngayo ulwazi lwendawo.

## Idivayisi ye-Android enezinhlelo zokusebenza ze-Google

Amadivayisi e-Android anezinhlelo zokusebenza ze-Google abandakanya amadivayisi athengiswa i-Google noma abanye ozakwethu okubandakanya amafoni, amakhamera, izimoto, okugqokekayo, nomabonakude. Lawo madivayisi asebenzisa amasevisi e-Google Play nezinye izinhlelo zokusebenza ezifakwe ngaphambilini njenge-Gmail, Amamephu, ikhamera yefoni yakho kanye nokokudayela kwefoni, ukuguqulela umbhalo ube inkulumo, okokufaka kwekhibhodi, nezici zokuphepha. Funda kabanzi Ngamasevisi e-Google Play.

## imiphumela yosesho eyenziwe ngokwezifiso

Isibonelo, uma ungene ngemvume kwi-akhawunti ye-Google futhi unike amandla isilawuli somsebenzi wewebhu nohlelo lokusebenza, ungathola imiphumela yosesho ehlobene kakhulu esuselwe kusesho lwakho lwangaphambilini nomsebenzi kusuka kumasevisi e-Google. Ungakwazi ukufunda kabanzi lapha. Futhi ungathola imiphumela yosesho eyenziwe ngezifiso ngisho noma uphumile. Uma ungafuni le leveli yokwenza ngezifiso yosesho, ungakwazi ukusesha futhi uphequlule ngokwemfihlo noma uvale ukwenza ngezifiso kosesho lokuphuma.

## imithombo efinyeleleka ngokomphakathi

Ngokwesibonelo, singase siqoqe ulwazi olutholakala esidlangalaleni ku-inthanethi noma kweminye imithombo esesidlangalaleni ukuze sisize ukuqeqesha amamodeli e-Google AI futhi sakhe imikhiqizo nezakhi ezifana namakhono e-Google Translate, i-Gemini App, kanye ne-Cloud AI. Noma, uma ulwazi lwebhizinisi lakho livela kuwebhusayithi, singayikhomba futhi siyiveze kumasevisi we-Google.

## incike kumakhukhi ukuze isebenze kahle

Isibonelo, sisebenzisa ikhukhi elibizwa ngokuthi i-'lbcs' elenza kwazeke ukuhti ukwazi ukuvula i-Google Amadokhumenti kusiphequluli esisodwa. Ukuvimbela leli khukhi kuzogwema i-Google Amadokhumenti ekusebenzeni njengokulindelekile. Funda kabanzi

## inombolo yefoni

Uma ungeze inombolo yakho yefoni kwi-akhawunti yakho, ingasetshenziselwa izinhloso ezahlukene kuwo wonke amasevisi e-Google, kuye ngezilungiselelo zakho. Isibonelo, inombolo yakho yefoni ingasetshenziselwa ukukusiza ukuthi ufinyelele i-akhawunti yakho uma ukhohlwe iphasiwedi yakho, ukusiza abantu bakuthole futhi baxhumane nawe, nokwenza izikhangiso ozibonayo ukuthi ziphathelane kakhulu nawe. Funda kabanzi

## inqubo yezomthetho noma isicelo sikahulumeni esiphoqelelayo

Njengezinye izinkampani zobuchwepheshe kanye nezokuxhumana, i-Google njalo ithola izicelo ezivela kohulumeni nezinkantolo emhlabeni wonke ukuze iveze ngedatha yomsebenzisi. Inhlonipho yobumfihlo kanye nekuvukeleka kwedatha oyigcina ne-Google isusa ukuphina indlela yethu yokuhambisana nalezi zicelo zomthetho. Ithimba lethu lezomthetho libuyekeza isicelo ngasinye, kungakhathaliseki uhlobo, futhi sivame ukubuyela emuva uma uma isicelo sibonakala sidlulela noma singalandeli inqubo elungile. Funda kabanzi kumbiko wethu ongenamfihlo.

## isilawuli sedatha esinesibopho sokucubungula ulwazi lwakho

Lokhu kusho ukuthi inxusa le-Google elinesibopho sokucubungula ulwazi lwakho kanye nokuthobela imithetho esebenzayo yobumfihlo.

## izigaba ezibucayi

Uma ubonisa izikhangiso ezenziwe ngezifiso, sisebenzisa izihloko esicabanga ukuthi ungazithanda ngokususelwe kumsebenzi wakho. Isibonelo, ungabona izikhangiso zezinto ezifana nokuthi "Ukupheka namarisiphu" noma "Ukuhamba emoyeni.” Asisebenzisi izihloko noma sobnise izikhangiso ezenziwe ngezifiso ngokususelwe

ezigabeni ezizwelayo nengohlanga, inkolo, ezocansi, noma ezempilo. Futhi sidinga okufanayo kusuka kubakhangisi abasebenzisa amasevisi ethu.

## izikhangiso ezenziwe ngezifiso

Futhi ungabona izikhangiso ezenziwe ngezifiso ngokususelwe kulwazi kusuka kumkhangisi. Isibonelo, uma uthenge kuwebhusayithi yomkhangisi, angasebenzisa lolu lwazi lokuvakasha ukukubonisa izikhangiso. Funda kabanzi

## izikhangiso ozithola ziwusizo kakhulu

Ngokwesibonelo, uma ubuka amavidiyo amayelana nokubhaka ku-YouTube, ungase ubone izikhangiso eziningi ezihlobene nokubhaka njengoba uphequlula iwebhu. Futhi sisebenzisa ikheli lakho le-IP address ukucacisa indawo yakho elinganiselwayo, ukuze sikwazi ukukunikeza izikhangiso zesevisi ye-pizza eziseduze uma usesha i-"pizza." Funda kabanzi mayelana nezikhangiso ze-Google kanye nokuthi kungani ungaboni izikhangiso ezinjalo.

## izinkampani zangaphandle

Isibonelo, sicubungula ulwazi ukubika ukusetshenziswa kwezibalo kubaphathi abafanele mayelana nokuthi okuqukethwe kwabo kusetshenziwe kanjani kumasevisi ethu. Futhi singacubungula ulwazi lwakho uma abantu basesha igama lakho futhi sibonise imiphumelo yosesho kumasayithi aqukethe ulwazi olutholakala esidlangalaleni mayelana nawe.

## izinzuzo zasesidlangalaleni

Ngokwesibonelo, sicubungula ulwazi olumayelana nezicelo zokususa okuqukethwe kumasevisi ethu ukuze sifundise umphakathi, senze ucwaningo, futhi sinikeze ukubonisa ngale ngalezi zicelo.

## kuvumelaniswe ne-akhawunti yakho ye-Google

Umlando wakho wokuphequlula we-Chrome ulondolozwa kuphela kwi-akhawunti yakho uma unike amandla ukuvumelanisa kwe-Chrome ne-akhawunti yakho ye-Google. Funda

kabanzi

## ozakwethu abathile

Isibonelo, sivumela abadali be-YouTube nabakhangisi ukuthi basebenze nezinkampani zokulinganisa ukuze bafunde mayelana nezethameli zamavidiyo abo e-YouTube noma izikhangiso, basebenzisa amakhukhi noma ubuchwepheshe obufanayo. Esinye isibonelo abathengisi emakhasini wethu wokuthenga, abasebenzisa amakhukhi ukuqonda kangcono ukuthi bangaki abasebenzisi abahlukile ababona uhlu lwemikhiqizo yabo. Funda kabanzi mayelana nalaba ozakwethu nokuthi balusebenzisa kanjani ulwazi lwakho.

## qinisekisa futhi uthuthukise

Isibonelo, sihlaziya indlela abantu abasebenzisana ngayo nokukhangisa ukuthuthukisa ukusebenza kwezikhangiso zethu.

## qinisekisa ukuthi amasevisi ethu asebenza njengokuhlosiwe

Isibonelo, sihlola ngokuqhubekayo amasistimu ethu ukubheka izinkinga. Futhi uma sithola okuthile okungalungile ngesici esithile, ukubuka ulwazi lomsebenzi oluqoqwe ngaphambi kokuthi inkinga iqale kusivumela ukulungisa izinto ngokushesha.

## sebenzisa ulwazi esiluqoqayo kuwo wonke amasevisi ethu

Kuye ngamasethingi akho atholakalayo, ezinye izibonelo zendlela esisebenzisa ngayo ulwazi esiluqoqayo kuwo wonke amasevisi wethu zifaka:

- Uma ungene ngemvume kwi-akhawunti yakho ye-Google futhi usesha ku-Google, ungabona imiphumela yosesho evela kuwebhu yomphakathi, kanye nolwazi oluphathelene oluvela kokuqukethwe onako kweminye imikhiqizo yakho ye-Google, njenge-Gmail noma i-Google Khalenda. Lokhu kungabandakanya izinto ezifana nesimo sezindiza zakho ezizayo, izindawo zokudla, nokubhukha kwehhotela, noma izithombe zakho. Funda kabanzi
- Uma uke wakhuluma nothile nge-Gmail futhi ufuna ukumengeza kwi-Google Dokhumenti noma umcimbi ku-Google Khalenda, i-Google yenza kubelula ukwenza

kanjalo ngokuqedela ngokuzenzakalela ikheli lakhe le-imeyili uma uqala ukuthayipha igama lakhe. Lesi sici senza kubelula ukwabelana ngezinto nabantu obaziyo. Funda kabanzi

- I-app ye-Google ingasebenzisa idatha oyigcine kweminye imikhiqizo ye-Google ukuze ikubonise okuqukethwe komuntu siqu, kuye ngamasethingi akho. Ngokwesibonelo, uma unosesho olugcinwe Kumsebenzi wakho Wewebhu Nowohlelo Lokusebenza, i-app ye-Google ingakubonisa izindaba nolunye ulwazi mayelana nezintshisekelo zakho, njengemiphumela yezemidlalo, ngokusekelwe kumsebenzi wakho.

- Uma uxhuma i-Google Account yakho Ekhasino lakho Lasekhaya le-Google, ungaphatha ulwazi lwakho futhi wenze izinto zenzeke Ngomsizi we-Google. Ngokwesibonelo, ungakwazi ukwengeza imicimbi ku-Google Calendar noma uthole ishejuli yakho yosuku, ucele izibuyekezo zesimo sendiza yakho ezayo, noma uthumele ulwazi olufana nezikhombisi-ndlela zokushayela kufoni yakho. Funda kabanzi

- Uma ungumsebenzisi e-EU, izinqumo ozenzayo ekulinkeni amasevisi zizothinta indlela amasevisi athile we-Google angasebenzisa ngayo idatha kuwo wonke amasevisi ethu.

## sebenzisana ne-Google

Kunamawebhusayithi angaphezu kwezigidi ezingu-2 okungewona e-Google nezinhlelo zokusebenza ezisebenzisana ne-Google ukubonisa izikhangiso. Funda kabanzi

## susa

Ngokwesibonelo, njengoba kuchazwe ngenhla, ungacela ukususa okuqukethwe, okuhlanganisa nokuqukethwe okungaqukatha ulwazi lwakho, kusukela kumasevisi athile e-Google, ngokusekelwe emthethweni osebenzayo (okuhlanganisa nomthetho wokuvikela idatha) nezinqubomgomo zethu.

## thola ukuhlukumeza

Lapho sibona ugaxekile, isofthiwe eyingozi, okuqukethwe okwephula umthetho (okuhlanganisa ukuhlukunyezwa kwezingane ngokocansi nezinto ezixhaphazayo), nezinye izinhlobo zokusetshenziswa kabi kwamasistimu ethu ezephula izinqubomgomo

zethu, singase siyivale i-akhawunti yakho noma sithathe esinye isinyathelo esifanele. Kwezinye izimo, singabika futhi ukwephulwa komthetho eziphathimandleni ezifanele.

## Ufaka ilebula njengekhaya kanye nomsebenzi

Ungase ukhethe ukulondoloza izindawo ku-Google Account yakho ezibalulekile kuwe, njengekhaya lakho noma umsebenzi wakho. Uma usetha amakheli wakho wasekhaya noma wasemsebenzini, angase asetshenziselwe ukukusiza wenze izinto kalula nakakhulu, njengokuthola izikhombisi-ndlela noma ukuthola imiphumela eseduze nasekhaya noma emsebenzini wakho, kanye nangezikhangiso eziningi eziwusizo.

Ungahlela noma usule amakheli akho asekhaya noma omsebenzi noma kunini ku-Google Account yakho.

## Ukubuka nokusebenzisana nokuqukethwe nezikhangiso

Isibonelo, siqoqa ulwazi mayelana nokubuka nokusebenzisana nezikhangiso ukuze sikwazi ukunikeza abakhangisi imibiko ehlanginisiwe, njengokubatshela ukuthi ngabe sinikezele ngezikhangiso zabo ekhasini nokuthi ingabe isikhangiso sabonwa umbuki. Futhi singalinganisela okunye ukusebenzisana, njengokuthi uyihambisa kanjani imawusi yakho esikhangisweni kanye noma uma usebenzisana nekhasi lapho isikhangiso sivela khona.

## ukuletha amasevisi ethu

Izibonelo zokuthi silusebenzisa kanjani ulwazi lwakho ukuletha amasezisi ethu zibandakanya:

- Sisebenzisa ikheli le-IP elinikwe idivayisi yakho ukuthumela idatha oyicelile, njengokulayisha ividiyo ye-YouTube
- Sisebenzisa izihlonzi ezehlukile ezilondolozwe kumakhukhi asedivayisi yakho ukusisiza sigunyaze njengomuntu okufanele athole ukufinyelela ku-akhawunti yakho ye-Google
- Izithombe namavidiyo owalayisha ku-Google Photos asetshenziselwa ukukusiza ukuthi udale ama-albhamu, amakholaji, nokunye okusunguliwe ongabelana ngakho. Funda kabanzi

- I-imeyili yokuqinisekisa indiza oyitholayo ingasetshenziselwa ukudala inkinobho “ngena” ebonakala ku-Gmail yakho

- Uma uthenga amasevisi noma izimpahla kusuka kithi, ungasinikezela ngolwazi njengekheli lakho lokuhambisa noma imiyalo yokuletha. Sisebenzisela lolu lwazi ezintweni ezifana nokucubungula, ukugcwalisa, nokuletha i-oda lakho, nokunikezela ngosekelo ngokuxhumana nomkhiqizo noma isevisi oyithengile.

## ukuphepha nokwethembeka

Ezinye izibonelo zokuthi silusebenzisa kanjani ulwazi lwakho ukusiza ugcine amasevisi ethu aphephile futhi ethembekile zibandakanya:

- Ukuqoqa nokuhlaziya amakhasi e-IP nedatha yamakhukhi ukuvikela ekuhlukumezeni okwenziwe ngezifiso. Lokhu kuhlukumeza kuthatha izindlela eziningi, njengokuthumela ogaxekile kubasebenzisi be-Gmail, ukuntshontsha imali kubakhangisi ngokuchofoza kuzikhangiso ngokukhwabanisa, noma ukufihla okuqukethwe ngokuvula ukuhlasela kwe-Distributed Denial of Service (DDoS).

- Isici “umsebenzi we-akhawunti wokugcina” ku-Gmail singakusiza uthole ukuthi uma futhi lapho othile afinyelele i-imeyili yakho ngaphandle kokwazi kwakho.. Lesi sici sikubonisa ulwazi mayelana nomsebenzi wakamuva ku-Gmail, njengamakheli e-IP afinyelele i-imeyili yakho, indawo ephathelene, kanye nedethi nesikhathi sokufinyelela. Funda kabanzi

## ukuvikela okufanele

Isibonelo, singafihla idatha yakho, noma sibethele idatha ukuqinisekisa ukuthi ayikwazi ukuxhunywa kolunye ulwazi olumayelana nawe. Funda kabanzi

## Ukwenza ngezifiso amasevisi ethu

Isibonelo, singabonisa i-Google Doodle ekhasini lasekhaya losesho ukubungaza umcimbi oqondiswe ezweni lakho.

## ulwazi lokukhokha

Isibonelo, uma ungeza ikhadi lesikweletu noma enye indlela yokukhokha ku-akhawunti yakho ye-Google, ungayisebenzisela ukuthenga izinto kuwo wonke amasevisi ethu, njengezinhlelo zokusebenza ku-Google Play Isitolo. Futhi singacela ulwazi olungeziwe, njenge-ID yentela yebhizinisi, ukusiza ukucubungula inkokhelo yakho. Kwezinye izimo, futhi singadinga ukuqinisekisa ubunikazi bakho futhi sikucele ulwazi lokwenza lokho.

Futhi singasebenzisa ulwazi lokukhokha ukuqinisekisa ukuthi uyahlangabezana nezimfuneko zobudala, isibonelo, uma ufaka usuku lokuzalwa olungalungile ukukhombisa ukuthi awumdala ngokwanele ukuba ne-akhawunti ye-Google. Funda kabanzi

## Ulwazi lwezwi nelomsindo

Ngokwesibonelo, ungakhetha ukuthi uyafuna yini i-Google ilondoloze okurekhodiwe komsindo ku-Google Account yakho uma usebenzisana ne-Google Search, i-Assistant, kanye ne-Maps. Uma idivayisi yakho ithola umyalo wokwenza kusebenze umsindo, njengokuthi “Ok Google,” i-Google irekhoda izwi lakho nomsindo kanye namasekhondi ambalwa ngaphambi kokuthi kusebenze. Funda kabanzi

## ulwazi mayelana nezinto eziseduzane nedivayisi yakho

Uma usebenzisa amasevisi endawo e-Google kwi-Android, singathuthukisa ukusebenza kwezinhlelo zokusebenza ezincike endaweni yakho, njengamamephu e-Google. Uma usebenzisa amasevisi endawo e-Google, idivayisi yakho ithumela ulwazi ku-Google mayelana nendawo yayo, izinzwa (njenge-accelerometer), namathawa eseli aseduze nezindawo zokufinyelela ze-Wi-Fi (njengekheli le-MAC namandla esignali). Zonke lezi zinto zisiza ukucacisa indawo yakho. Ungakwazi ukusebenzisa izilungiselelo zedivayisi yakho ukunika amandla amasevisi endawo ye-Google. Funda kabanzi

## ulwazi olufanayo oluhlobene nempilo yakho yomzimba noma yengqondo

Uma usebenzisa imikhiqizo yokufaneleka kanye nama-app esiwanikezayo, afana ne-Fitbit, i-Pixel Watch, i-Nest, noma i-Google Fit, siqoqa idatha oyinikezayo efana nobude bakho nesisindo. Siphinda siqoqe ulwazi, kusukela kulawa ma-app namadivayisi, njengamaphethini akho okulala, izinga lokushaya kwenhliziyo, izingakushisa lesikhumba, amakhalori ashisiwe, nezinyathelo ezithathiwe.

## umphakathi

Ngokwesibonelo, sicubungula ulwazi olumayelana nezicelo zokususa okuqukethwe kumasevisi ethu ngaphansi kwezinqubomgomo zokususwa kokuqukethwe kwe-Google noma umthetho osebenzayo ukuze sihlole isicelo, futhi siqinisekise ukuba sobala, sithuthukisa ukuziphendulela kanye nokuvimbela ukuhlukumeza nokukhwabanisa kule mikhuba.

## umsebenzi kumasayithi wezinkampani zangaphandle nama-app asebenzisa amasevisi ethu

Amawebhusayithi nama-app ahlanganisa amasevisi we-Google njengezikhangiso nezibalo zabelana nathi ngolwazi.

Lolu lwazi luqoqwa kungakhathaliseki ukuthi usebenzisa yiphi ibhrawuza noma imodi yokubhrawza. Ngokwesibonelo, nakuba imodi ye-Incognito ku-Chrome ingasiza ukugcina ukubhrawuza kwakho kuyimfihlo kusukela kwabanye abantu abasebenzisa idivayisi yakho, amasayithi ezinkampani ezingahlangene ngqo nama-app ahlanganisa amasevisi ethu zisengabelana ngolwazi ne-Google uma uzivakashela.

Ungafunda kabanzi mayelana nezinye zezindlela ongalawula ngazo ulwazi olwabiwayo lapho uvakashela noma uhlanganyela namasayithi nama-app asebenzisa amasevisi we-Google.

## Umsebenzi Kumasevisi e-Google

Uma ungene ngemvume ku-Google Account yakho futhi Unomsebenzi wewebhu nowe-app ovuliwe, idatha yomsebenzi wakho kumasayithi we-Google, ama-app, namasevisi ingase ilondolozwe Kumsebenzi wewebhu nowe-app we-akhawunti yakho. Omunye umsebenzi ungase ufake phakathi ulwazi olumayelana nendawo evamile okade ukuyo lapho usebenzisa isevisi ye-Google. Uma usesha okuthi usebenzisa indawo ejwayelekile, usesho lwakho luzosebenzisa indawo okungenani engu-3 sq km, noma ukunweba kuze kube yilapho indawo imelela izindawo okungenani zabantu abayi-1,000. Lokhu kusiza ukuvikela ubumfihlo bakho.

Kwezinye izindawo, izindawo oseshe kusuka kuzo esikhathini esedlule zingase zisetshenziselwe ukuqagela indawo ehambisanayo yosesho lwakho. Ngokwesibonelo,

uma usesha izitolo ezithengisa ikhofi ngenkathi use-Chelsea, i-Google ingase ibonise imiphumela yase-Chelsea kusesho lwesikhathi esizayo.

Ungase ubuke futhi ulawule Umsebenzi wewebhu nowe-app kokuthi Umsebenzi Wami.

## umsebenzi wakho kwamanye amasayithi nezinhlelo zokusebenza

Lo msebenzi ungavela ekusebenziseni kwakho amasevisi e-Google, njengokusuka ekuvumelaniseni i-akhawunti yakho ne-Chrome noma ukuvakasha kwakho kumasayithi nezinhlelo zokusebenza ezisebenzisana ne-Google. Amawebhusayithi amaningi nezinhlelo zokusebenza ezisebenzisana ne-Google ukuthuthukisa okuqukethwe kwazo namasevisi. Ngokwesibonelo, iwebhusayithi ingase isebenzise amasevisi ethu okukhangisa (njenge-AdSense) noma amathuluzi okuhlola (afana ne-Google Analytics), noma kungase ashumeke okunye okuqukethwe (okufana amavidiyo e-YouTube). Lawa masevisi abelana ngolwazi mayelana nomsebenzi wakho ne-Google futhi, kuncike kuzilungiselelo zakho ze-akhawunti kanye nemikhiqizo esebenzayo (isibonelo, uma uzakwethu asebenzisa i-Google Analytics ngokuhlangana namasevisi ethu okukhangisa), le datha ingahlotshaniswa nolwazi lomuntu siqu.

Funda kabanzi mayelana nokuthi i-Google iyisebenzisa kanjani idatha uma usebenzisa amasayithi nezinhlelo zokusebenza zozakwethu.

## vikela ekuhlukumezeni

Isibonelo, ulwazi olumayelana nokusatshiswa kwezokuvikela lungasisiza ukuba sikwazise uma sicabanga ukuthi i-akhawunti yakho isengozini (lapho singakusiza ukuthi uthathe izinyathelo zokuvikela i-akhawunti yakho).

## yenza ukuthuthukisa

Isibonelo, sisebenzisa amakhukhi ukuhlaziya ukuthi abantu basebenzisana kanjani namasevisi ethu. Nokuthi ukuhlaziya kungasisiza ukwakha imikhiqizo engcono. Isibonelo, kungasisiza ukuthola ukuthi kuthatha abantu isikhathi eside ukuqedela umsebenzi othile noma nokuthi banezinkinga ngokuqedela izinyathelo. Bese singadizayini kabusha leso sici nokuthuthukisa umkhiqizo kuwo wonke umuntu.